Cotlands
Igniting potential through play

06 April 2020

Bazali abathandekayo.

Siyanibingelela nonke. Siyi Cotlands. Siyathemba ukuthi nina nemindeni yenu ni yaphila. Lapha kwa Cotlands siyazikhumbula kakhulu izingane zenu ezinhle,amaphimbo azo noku gigitheka kwabo njengoba senikhule naba umndeni nathi kwa Cotlands.
Njengoba niyalalelwe ukuba nihlale ezindlini njengoba kuyiLockdown, siyacelwa ukuba sonke silandele imiyalelo futhi sibumbane ngokubhebhetheka kwaleligciwane iCorona. Isikhathi esinzima kithi sonke,sidinga ukuma ndawonye silwe nalesisifo seCorona lena esidale uqhekeko kithi kulesikhashana.
NjengeCotlands siyacela nonke ukuba nilandele imiyalelelo, sinikezane ulwazi okuyilo futhi sidlale indima yethu ekusizeni ukunqanda leligciwane leCorona.
Masikhombise inhlonipho kwezabokuphepha nabezempilo njengama phoyisa,amasotsha,odokotela nabahlengikazi njengoba baqikelela ngokuthi kufanele sihlale sivikelekile futhi siphephile.
Ungasiza ngokuzivikela nokuvimba ukubhebhetheka kwalegciwane uma wenza lokhu okulandelayo:

- Ukugeza izindla njalo kube imizuzu engamashumi amabili ngensipho kanye namanzi.
- Vala amakhala nomlomo ngethishu noma ngomkhono uma ukhwehlela noma uthimula.
- Uma ufuna ukuphuma endlini uyacelwacela ukuba ufake isibulali magciwane,ugqoke isamfonyo kanye namagilavu.
- Gwema ukusondelana nokuya ezindaweni ezinabantu abaningi umele kude okungaba imitha elilodwa.
- Uye emtholampilo oseduze ukuyohlolelwa lesisifo.
- Niqaphele izigebengu nihlale niphephile kulesisikhathi salo mkhankaso.

Ukuze sihlale sixhumana nezingane zethu, uCotlands uzobe unithumelela imiyalezo emifishane njengabazali, lemiyalezo izobe inemisetshenzana engenziwa nabantwana. Iyenzeka nemindeni kanye nabangani,ningakhululeka ukuthi niyenze nonke.
Hlalani emakhaya, nihlale niphephile futhi siyacela ukuba sivimbe ukubhebhetheka kwalesifo iCorona sibheke phambili ukuthi kuphele lobhubhane legciwane bese siphinde sibandawonye futhi njengo mphakathi wakwa Cotlands.

Head office
9 Data Crescent, Ormonde, 2091
PO Box 74042, Turffontein, 2140
Tel 011 683 7200
Email info@cotlands.org
www.cotlands.org.za

NPO 000-849
Banking details
Account: Cotlands
Bank: Standard Bank
Branch code: 00 60 05
Account no: 20 004 52 88